# USARS UTHOLE UMYALELOKUMISA NJENGOBA KUYA KUQINA UKUNQANDWA KWENKOHLAKALO

**Tshwane, 9 kuMbasa 2026 —** Isu lakwaSARS Lomnotho Ongekho Emthethweni libheka ngqo inkohlakalo nokukhwabanisa eminyangweni kahulumeni okuyikho elikubeka eqhulwini. Ngesicelo esenziwe ngaphandle kwesaziso kolunye uhlangothi i-*ex parte application* eNkantolo Ephakeme yaseGauteng ePitoli, ngaphansi kwesigaba 163 soMthetho Wokuphathwa Kwentela, uSARS uthole umyalelokumisa ngokumelene nezikhulu zayo ezimbili zangaphambilini, ezazisule emsebenzini kuso isikhungo kowezi-2024 nakowezi-2025, ngokulandelana.

Ngaphezu kokuhlangabezana nomkhawulo osemthethweni obekwe kuMthetho Wokuphathwa Kwentela wokunikeza umyalelokumisa, uSARS wethule ubufakazi obubonakalayo phambi kwenkantolo bokungalandeli imithetho yentela efanele yizikhulu ezimbili, okuhlanganisa inkohlakalo, ukugunyathwa kwemali, umsebenzi ongagunyaziwe ngaphandle kwakaSARS, ukwephulwa kwemibandela yobumfihlo kaSARS, kanye nokusetshenziswa kabi kwempahla kahulumeni ukuze kuqhutshekwe nenkohlakalo. Inkantolo iqoke ommelele izimpahla ngokomthetho i-*curator bonis* ukuze agcine izimpahla futhi avimbele ukusaphazeka kwazo ngenkathi kuqedelwa ukuhlolwa kwentela.

Umyalelokumisa ubeka ngaphansi kommelele izimpahla ngokomthetho **izindawo ezintathu ezingashukumi, izimoto eziyisithupha, kanye nama-akhawunti amaningi asebhange kanye notshalomali olugcinwe ezikhungweni zezimali ezinkulu**, ukuvimbela ukusaphazwa kwazo. Ngaphandle kwezimpahla ezihlonzwe uSARS, ummeleli wempahla ngokomthetho ugunyazwe yiNkantolo Ephakeme ukuthi aphenye futhi athole ezinye izimpahla ezifihliwe noma ezibekwe kude ne-SARS.

Izakhiwo, **ezilinganiselwa kuzigidi eziningana zamarandi sezizonke,** azikwazi ukuthengiswa noma ukudluliselwa ngaphandle kwemvume, ngaleyo ndlela zithole izimpahla ezinenani eliphezulu kusalindwe ukuphothulwa kokuhlolwa kwentela. Ommelele izimpahla ngokomthetho unikezwe amandla ngaso leso sikhathi okuvikela, ukulawula, ukuphatha, lapho egunyazwe khona, ukuchitha izimpahla ukuze kutholakale intela okufanele ikhokhwe.

Iphini likaKhomishana wakwaSARS uDkt. Johnstone Makhubu uthe inkohlakalo ngaphakathi kwesikhungo kuzobhekwana nayo ngokushesha ngokwamukelwa kwezinyathelo ezinzima kakhulu ezivunyelwe ngumthetho. "Inkohlakalo eyenziwa izisebenzi zakwaSARS, kungaba ezake zaba khona noma ezikhona, ingukukhaphela okubi kakhulu. Kulimaza ukwethenjwa umphakathi, kulimaze ubuqotho bezinhlelo zethu, futhi kuthinta inhliziyo yekhono likahulumeni lokusebenzela abantu balo”.

UDkt. Makhubu wengeze ngokuthi umyalelokumisa ubonisa ukuzibophezela kukaSARS ekuthatheni isinyathelo esiwujuqu. “Sithatha isinyathelo kusenesikhathi, sivikele izimpahla, futhi silandela umkhondo wemali. Lapho inkohlakalo ihlangana khona nezinhlelo zentela nokulawulwa kwempahla emngceleni, uSARS uzongenelela ngokushesha nangokusemthethweni. Akekho ongaphezulu komthetho, ikakhulukazi labo abaphathiswe ukuwuphoqelela umthetho".

Isu lakwaSARS loHlelo Lokuphazamisa Umnotho Ongekho Emthethweni lusebenza kusimemezelo esenziwe nguMongameli waseNingizimu Afrika ngenkathi ethula Inkulumo Ngesimo Sezwe. Isenzo sakamuva sivikela isisekelo semali engenayo; silwa nenkohlakalo nobugebengu ngaphakathi nangaphandle kukaSARS; sibuyisela ubuqotho bezikhungo; futhi siletha imiphumela ebonakalayo yokungathpbeli imithetho.

USARS ubonga izisebenzi ezithembekile kanye nezakhamuzi, ngokubika ngemfihlo, abaye basiqaphelisa ngalobu bugebengu futhi bavumela isikhungo ukuthi siveze izinhlelo zenkohlakalo eziyinkimbinkimbi. USARS uyaqinisekisa ukuthi kungase kulandele ezinye izinqubo zezinkantolo, ezokuphatha kanye nezobugebengu njengoba uphenyo luqhubeka.

USARS unxusa umphakathi ukuthi uvikele ubuqotho bezinhlelo zethu zentela kanye nemithetho yentela futhi ubike inkohlakalo, ukukhwabanisa intela, kanye nemisebenzi yobugebengu ehlobene nayo ngeplatifomu yawo eyimfihlo. “Izinsuku lapho izisebenzi zihlanganyela ebugebengwini futhi zikhetha ukusula emsebenzini kunokubhekana nemiphumela yobubi babo seziphelile. Labo abacabanga ukuthi le ndlela izobakhulula emiphumeleni yezenzo zabo, kumele bazi ukuthi bazolandelelwa futhi bazotholakala noma ngabe bakuphi,” kuphetha uMakhubu.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana noSARS ku [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za).

IYAPHELA